# Abakhokhintela abavulelekile basalelwe amasonto amathathu okuthumela amaphepha entela nge-inthanethi

Pretoria, 13 kuLwezi 2019 – Isikhathi sentela kubakhokhintela abangabodwana abafuna ukuthumela amaphepha abo entela egatsheni saphela mhla zingama-31 kuMfumfu 2019. Abakwa-SARS bafisa ukubonga bonke abakhokhintela ngokuthumela kwabo amaphepha abo entela kuze kube manje kanti futhi bagqugquzelwe amaphepha entela ayi-3 882 111 ahthunyelwe nge-inthanethi kanjalo nasegatsheni. Lawa maphepha entela abandakanya amaphepha entela alo nyaka ophezulu neminyaka eyedlule.

Ukuthumela amaphepha entela ku-inthanethi, ngokusebenzisa i-SARS MobiApp kanye ne-eFiling kubakhokhintela abavulelekile kuzovalwa mhla zi-4 kuZibandlela. Lokhu kunika abakhokhintela abasebenzisa i-inthanethi isikhathi esingamasonto amathathu ngaphezulu sokuthumela amaphepha abo entela. Abakhokhintela besikhashana bona kuyoze kuvalwe mhla zingama-31 kuMasingana ukubuyisa amaphepha entela besebenzisa i-eFiling.

Njengoba ukuthumela amaphepha nge-inthanethi kusavulekile, abakwa-SARS balindele isibalo okungenani esiyi-1 744 535 mhla ziyi-8 kuLwezi 2019 samaphepha okubuyisa intela asasilele ukuba athunyelwe kusetshenziswa le mgudu.  Abakwa-SARS bafuna ukukhumbuza abakhokhintela okusamele bathumele amaphepha abo entela, ukuthi isikhathi seNtela sonyaka we-2019 senzelwe ukuthi ukubuyisa amaphepha entela kube lula.

Abakhokhintela bayacelwa ukuba basebenzise ithuba nokwesekwa okutholakalayo ngaphambi komhla zi-4 kuZibandlela, njengoba isikhungo sokuxhumana sizobe sisebenza kusukela ngehora lesi-08:00 ekuseni kuya kwele-18:00 ntambama mhla zingama-25 kuya mhla zingama-29 kuLwezi, naphakathi kwehora lesi-08:00 ekuseni kuya kwelo-13:00 emini ngoMgqibelo, mhla zingama-30 kuLwezi.

Uma isikhathi eseluliwe sokuthumela amaphepha entela singasetshenziswa, kuzobizwa izinhlawulo zokusingatha njalo ngenyanga esuke engakathunyelwa ngayo amaphepha. Ukungawabuyisi amaphepha entela kuyicala.

Abakhokhintela abangakawabuyisi amaphepha entela bangadawuniloda i-SARS MobiApp ku-*Playstore* noma ku-*Appstore* bese benza lokhu okulandelayo:

1. Ukubhalisela i-SARS eFiling,
2. Ukuthumela amaphepha entela,
3. Ukusebenzisa ikhamera yefoni ukufaka amadokhumenti esekelayo,
4. Ukuthola igama lomsebenzisi noma ukulungisa igamamfihlo kanye
5. Nokubona iSaziso sokuHlola i-Notice of Assessment (ITA34), phakathi kolunye usizo.

6. Ukucela ukushayelwa ucingo ukuze uthole usizo ku-ejenti yentela yakwa-SARS.

Abakwa-SARS baphinde balungisa i-eFiling ukuze ukuthungatha kube lula futhi ukwazi ukuthumela amaphepha akho entela noma ngabe ukuphi.

Abakhokhintela abafanelekayo ngayo yonke indlela kulezi ezilandelayo abadingi ukuthi bathumele amaphepha okubuyisa intela:

1. Uma isamba sengeniso lonyaka ngaphambi kokubanjelwa intela singaphansi kuka-R500 000

2. Uma uthola ingeniso KUMQASHI OYEDWA unyaka wonke wentela.

3. Uma ungenayo enye indlela ENGENISA IMALI (isib. imali oyinikelwa imoto, izinzuzo ezengeziwe zenkampani, imali engena ngebhizinisi, inzalo etheliswayo noma imali engena ngokuqashisa noma ingeniso elivela komunye umsebenzi)

4. Uma zingekho izicelo sokukhokhelwa kunoma yiziphi izimali ezibanjwayo ezihlobene nentela (isib. izindleko zokwelashwa, iminikelo yesikhwama somhlalaphansi, izindleko zokuhamba).

Uma kwenzeka abakhokhintela beya egatsheni ngemibuzo yokubuyiswa kwentela yengeniso lomuntu, bazosizwa ngokuthi bazithumelele bona ngokwabo besebenzisa i-SARS MobiApp noma i-eFiling platforms.  Abakhokhintela abanama-*smartphone* kuzodingeka ukuthi badawunilode i-SARS MobiApp ngaphambi kokuthi baqale ukuthumela amaphepha abo entela.